**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMHLONISHWA WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUKLOMELISA ABASHAYELI BAMATEKISI ETHEKWINI MHLAKA 17 JULY 2010**

Mphathi Wohlelo, uMnuz Mzolo;
USihlalo weSANTACO, uMnuz Mthembu;
Isikhulu seTETA, uMnuz Kgatsi;
Omele ihhovisi lokuqeqesha esifundazweni, uMnuz Kheswa;
Abamele i-SATAWU;
Ubuholi besifundazwe bemboni yamatekisi;
Amalungu emboni yamatekisi;
Abasebenzi beminyango eyehlukene;
Abezindaba;
Izicukuthwane zonke ngokwehlukana kwazo;
Bafowethu nodadewethu.

Kuhlale kuyinto egqugquzelayo njalo uma umuntu emenywa emcimbini enjengalona oveza ngokusobala intshisekelo imboni yamatekisi enayo ngokukhula, ukuthuthuka nokuletha uguquko. Ezikhathini eziningi umuntu uhlale ehambela imihlangano nezinhlaka ezahlukene zemboni kuxazululwa izingxabano, okuyinto esicishe yangenza ngakholwa ngukuthi kusho ukuthi ngibhekene nokhanda shisa kuphela lapha.

Ngakho-ke kuyisibusiso kimina ukuba ngibe yingxenye yalo mcimbi wokuklomelisa abashayeli bamatekisi abebeqeqeshelwa amakhono. SinguHulumeni, sihlale sigcizelela ukubaluleka kokusebenzisana nemboni yamatekisi. Ngakho-ke, kukhombisa ukukhula nokuvuthwa ukuthi ngokusebenzisana sesikwazi ukuthola le miphumela ebaluleke kangaka.

Namuhla sihlanganyele lapha ukuzohalalisela abashayeli bamatekisi abangu-31 abaqhamuka KwaZulu-Natal ngokubamba kwabo ngempumelelo iqhaza ohlelweni lokuthuthukiswa kwamakhono adingeka kakhulu embonini yamatekisi. Lolu hlelo lokuqeqesha luzama ukufaka igalelo kwezokuphepha emigwaqeni yaseNingizimu Afrika kanye nokwenza ngcono ubudlelwane phakathi kwabashayeli nabagibeli.

Kuyangijabulisa ukwazi ukuthi njengamanje sesiqala ukuphumelela esimweni lapho abaningi, ikakhulukazi labo abangabagxeki bemboni, bebehlale besibona njengesingeke silunge nesingeke sikwazi ukuguquka.

Kuzokhumbuleka ukuthi ngonyaka ka-2009 uMnyango wezokuThutha kaZwelonke wangena esivumelwanweni nabeTransport Education and Training Authority (TETA) ukuhlanganisa uhlelo lokuqeqeshwa kwabashayeli bamatekisi. Lokhu kwenzeke ngokwesekwa nayizinhlaka zabasebenzi - iSouth African Transport and Allied Workers Union (SATAWU) nabemboni yamatekisi i-South African National Taxi Council (SANTACO).

Izinjongo zalolu hlelo ezicacile yilezi:

- Ukubhekelela ukuqeqeshwa nokuthuthukiswa kwemboni yamatekisi;
- Ukuqinisekisa ukusimama kwemboni yamatekisi ngokuhlinzeka ngezinhlelo zokuqeqesha;
- Ukwenza ngcono ezokuphepha nezinga lezokuthutha ngokuthi kube nokuqeqeshwa nokuthuthukiswa kwabashayeli.

Manje-ke pho, konke lokhu kusitshelani? Lokhu kukodwa kusitshela ngezinto eziningi ezinhle ezenzeka embonini yamatekisi okungenzeka ukuthi aziveli emphakathini ngenxa yokuthi sekujwayeleke izenzo ezimbi esezavelela sengathi kumele zibe yingxenye yale mboni ebaluleke kangaka.

Lokhu kusho ukuthi sekuyisikhathi sokubambana ngezandla sibhekane ngqo nezinkinga ezingaphakathi embonini. Umsebenzi wethu ukuqinisekisa ukuthi sikhuphula umfutho ekubhekaneni nezinto ezithinta ukwenza imboni isebenze ngokomthetho, ukuxazululwa kwezingxabano, ukufundisa nokuqeqesha, nokufukulana kwezomnotho.

Kungumsebenzi wethu ngokuhlanganyela ukuba seseke uHulumeni wethu, ikakhulukazi uMnyango wezokuThutha emizamweni yawo yokuphephisa izimpilo zabantu nokwehlisa izinga lezingozi emigwaqeni yethu.

Kumele senze okuthile kubantu bakithi abahlale, nsuku zonke, bethandazela ukuphila ngenkululeko, bazizwe bevikelekile benethezekile. Abantu bakithi bafuna ukuziqhenya ngokuba yingxenye yokwakhiwa kabusha kwesifundazwe sethu nezwe lethu. Bafuna ukuhamba ngokuthula nangokuphepha uma beya noma bebuya emsebenzini, emakhaya, ezinkonzweni, kwezokungcebeleka nakwezinye izindawo lapho izithuthi zomphakathi ziyithemba lempilo.

Abafisi ukuhlale bebuswa yimicabango yezingozi zemigwaqo eziletha ukufa nokucekeleka phansi kwempilo noma indlela yokuziphatha kwabashayeli nabasizi babo ebahlukumezayo nenesihluku.

Kubona bonke abashayeli abazothola izitifiketi namuhla, umyalezo usobala. Sitshale imali kinina ngoba sinenkolelo yokuthi kumele nibe ngamanxusa okugqugquzela ukuziphatha kahle emigwaqeni yethu. Sesithuma nina-ke ukuthi niphume niyolekelela ekuphephiseni izimpilo eziningi ngokungamandla enu lapha ngaphandle. Uqeqesho enilutholile kumele lusho ukuthi sesingathembela kakhulu kinina.

Embonini yonke jikelele, ngifuna ukuniqinisekisa ukuthi inhloso yalo Hulumeni ngukwenza imboni ibe ngcono kunakuqala. Siyaqonda ukuthi KwaZulu-Natal naseSouth Africa jikelele, sisabhekene nesimo lapho ukuhlelwa kwamadolobha kungazange kubhekelele izithuthi zomphakathi wakithi.

Lona ngumsebenzi omasipala okumele bawubheke uma behlelela izithuthi zomphakathi noma behlelela ingqalasizinda noma benza imigomo yokusetshenziswa komhlaba.

Sengiphetha, nginxusa futhi ngigqugquzela abanikazi bamatekisi ukuba baliphathe kahle ibhizinisi labo ukuze kuphephe umphakathi futhi baqinisekise ukuthi izimo zokusebenza ziba ngezigculisayo kubasebenzi babo. Ningakhohlwa ngukuthi imboni yenu ingenkulukazi kwezikwazi ukufukula umnotho kwabamnyama njengoba ithutha ngaphezulu kuka-60% wabantu nsuku zonke ezweni. Njengohulumeni kungumsebenzi wethu-ke ukuthi silekelele kulokhu ukuze nithuthuke, kodwa ngeke sikwazi ukwenza lokho ngaphandle kobambiswano lwenu. Akusekho ukubuyela emuva manje – bathi *the sky is the limit.*

**Ngiyabonga.**